## SIQEPHU A: INDABA

### QAPHELA:

- Ngaso sonke isikhathi sebenzisa irubhrikhi uma umaka umbhalo wokuziqambela (Iphepha lesi-3, ISIQEPHU A).
- Amamaki ukusuka ku: 0–50 ahlukaniswe ngokwamazinga amahlanu ngokwezinkomba.
- Okubonwa ngakho: okuqukethwe nolimi, inkomba ngayinye kumazinga amahlanu ihlukaniswe izingxenye ezimbili kuye ngokwabiwa kwamamaki. Kunengxenye engenhla kanye nengezansi.
- Isakhiwo sona asithinteki ekuhlukaniseni ngokwezingxenye. Ayikho ingxenye engenhla noma engezansi.

### AMARUBHRIKHI OKUHLOLA I-ESEYI ULIMI LWASEKHAYA [AMAMAKI ANGAMA-50]

| Okungabonwa ngakho | | Okungavamile | Okunekhono | Okusendimeni | Okuqalisayo | Akwanelisi |
|---|---|---|---|---|---|---|
| **OKUQUKETHWE & UHLAKA**<br><br>(Izimpendulo kanye nemibono)<br>Ukuhlela imibono uyihlelela uhlaka<br>Ukuqonda inhloso, izethameli kanye nesimo<br><br>**AMAMAKI ANGAMA-30** | **Ingxenye engenhla** | **28–30** | **22–24** | **16–18** | **10–12** | **4–6** |
| | | -Impendulo enembayo ngaphezu kobekulindelekile<br>-Imibono ekhaliphile, echukuluza ingqondo kanye nekhombisa ukuvuthwa komqondo<br>-Ihleleke ngobunyoninco kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho. | -Impendulo yakheke kahle impela<br>-Imibono eshaya emhlolweni nehlabahlosile enokuvuthwa komqondo<br>-Ihleleke kahle kakhulu kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho. | -Impendulo eyanelisayo<br>-Imibono inakho ukulandelana nokushaya emhlolweni<br>-Ihleleke ngokusendimeni kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho. | -Impendulo ikhombisa ukungahlangani<br>-Imibono engacacile nekungeyona eyokuzisungulela<br>-Kukhona okukhombisa ukuhlela okuncane nokulandelana. | -Impendulo enhlanhlathayo<br>-Imibono edidayo nenganembi<br>-Akuzwakali kunophindaphinda<br>-Akukho ukuhlela kanye nokulandelana. |
| | **Ingxenye engezansi** | **25–27** | **19–21** | **13–15** | **7–9** | **0–3** |
| | | -Impendulo yinhle kakhulu kepha intula izimpawu ze-eseyi enembayo<br>-Imibono ekhombisa ukuvuthwa komqondo kanye nokukhalipha<br>-Ikhombisa ikhono lokuhlela kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho. | -Impendulo yakheke kahle<br>-Imibono ehambisanayo nendaba nehlabahlosile<br>-Ihleleke kahle kakhulu kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho. | -Impendulo eyenelisayo kodwa intula ukucacisa<br>-Imibono iyalandelana ngokusendimeni futhi iyamukeleka<br>-Kukhona okukhomba ukuhlela kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho. | -Impendulo engashayi emhlolweni<br>-Imibono ithanda ukuba nhlakanhlaka futhi iyadida<br>-Ukuhlela kanye nokulandelana akukho. | -Ayikho imizamo ekhombisa ukuphendula ngesihloko<br>-Akuhambisani nesihloko futhi akufanelene<br>-Akuqondene nesihloko futhi kuphithene. |

**AMARUBHRIKHI OKUHLOLA I-ESEYI ULIMI LWASEKHAYA [AMAMAKI ANGAMA-50] (ayaqhubeka)**

<table>
<tr><th>Okungabonwa ngakho</th><th></th><th>Okungavamile</th><th>Okunekhono</th><th>Okusendimeni</th><th>Okuqalisayo</th><th>Akwanelisi</th></tr>
<tr><td rowspan="4">**ULIMI, ISITAYELA & UKULUNGISA AMAPHUTHA**<br><br>Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhloso/umthelela kanye nesimo, ukukhethwa kwamagama, ukusetshenziswa kolimi, izimpawu zokuloba, uhlelo, isipelingi.<br><br>**AMAMAKI AYI-15**</td><td rowspan="2">Ingxenye engenhla</td><td>**14–15**</td><td>**11–12**</td><td>**8–9**</td><td>**5–6**</td><td>**0–3**</td></tr>
<tr><td>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Ulimi lukhombisa ukuzethemba, luyancomeka kakhulu<br>-Ithoni ekhomba ukuphoqa kanye namasu obuciko obunembayo<br>-Akunamaphutha sanhlobo ohlelweni kanye nesipelingi<br>-Ikhombise ikhono eliphezulu lokubumba.</td><td>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Ulimi lufanelekile kanye nokusetshenziswa kwethoni ngendlela efanelekile<br>-Kukhombisa ukungabi namaphutha ohlelweni kanye nesipelingi<br>-Ibumbeke kahle kakhulu.</td><td>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Ukusetshenziswa kolimi ukudlulisa umqondo kusendimeni<br>-Ithoni ifanelekile<br>-Kusetshenziswe amasu obuciko ukukhulisa okuqukethwe.</td><td>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana ngokungagculisi nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Ukusetshenziswa kolimi ukudlulisa umqondo akugculisi<br>-Ithoni nephimbo akugculisi<br>-Kusetshenziswe amasu obuciko ngokungagculisi ukukhulisa okuqukethwe.</td><td>-Ulimi aluqondakali<br>-Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama aluhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Ulwazimagama luncane kakhulu okwenza kube lukhuni ukuqonda.</td></tr>
<tr><td rowspan="2">Ingxenye engezansi</td><td>**13**</td><td>**10**</td><td>**7**</td><td>**4**</td><td rowspan="2"></td></tr>
<tr><td>-Ulimi lukhombisa ukuzethemba, luyancomeka kakhulu<br>-Akunamaphutha ohlelweni kanye nesipelingi<br>-Ikhombise ikhono eliphezulu lokubumba.</td><td>-Ulimi luyahambisana futhi lufanelekile<br>-Ithoni iyahambisna futhi ifanelekile<br>-Kunamaphutha ambalwa ohlelo kanye nesipelingi<br>-Ibumbeke kahle.</td><td>-Ukusetshenziswa kolimi okusendimeni nokungahlangani okumbalwa<br>-Ithoni ifanelekile kanye nokusetshenziswa kwamasu obuciko okunomkhawulo.</td><td>-Ukusetshenziswa kolimi okungekho endimeni<br>-Imisho enhlobonhlobo imbalwa noma ayikho<br>-Ulwazimagama olunomkhawulo.</td></tr>
<tr><td rowspan="2">**ISAKHIWO**<br><br>Izimpawu zethekisthi, ukuthuthuka kwezigaba kanye nokwakhiwa kwemisho.<br><br>**AMAMAKI AYISI-5**</td><td rowspan="2"></td><td>**5**</td><td>**4**</td><td>**3**</td><td>**2**</td><td>**0–1**</td></tr>
<tr><td>-Ukuthuthuka kwesihloko okunembayo<br>-Ukucacisa okunembayo<br>-Imisho, izigaba kwakheke kahle kakhulu.</td><td>-Ukuthuthuka nokugeleza kwendaba<br>-Ukucacisa okuhle,<br>-Imisho, izigaba kuyalandelana futhi kuxubile.</td><td>-Ukuthuthuka kwendaba okulindelekile<br>-Imisho, izigaba kwakheke kahle<br>-I-eseyi isenawo umqondo.</td><td>-Amaphuzu ambalwa azwakalayo<br>-Imisho kanye nezigaba kunamaphutha<br>-I-esyi isenawo umqondo noma inamaphutha.</td><td>-Amaphuzu awatholakali<br>-Imisho kanye nezigaba kunamaphutha<br>-I-eseyi ayinamqondo.</td></tr>
<tr><td>**UKWABIWA KWAMAMAKI**</td><td></td><td>**43–50**</td><td>**33–40**</td><td>**23–30**</td><td>**13–20**</td><td>**0–10**</td></tr>
</table>

**Amakhodi angasetshenziswa uma kumakwa**
SP – (dwebela)-isipelingi esingamukelekile.
PH – uphawu lokubhala olungemukelekile.
L – (dwebela)- ulimi olungemukelekile.
// – khombisa isigaba esisha.
NK – inkathi engemukelekile.
'Si – i-aphostilofi engemukelekile.
GL – amagama awalandelani ngokufanele.
R – irejista.
KM – akwenzi mqondo.
ISIV. – isivumelwano esingavumelani.
AK – akudingekile.
^ – kunegama elingekho.
GN – igama elingcono.
/ – ukwehlukanisa amagama
⊂⊃ – ukuhlanganisa amagama
√ – ulimi oluhle

**AMAKHODI AMAMAKI**
L = 15
Q = 30
ISAK = 05
**50**

**OKULINDELEKILE MAYELANA NESAKHIWO SEMIBHALO (ISIQEPHU A)**

- Isingeniso: Siyaheha, sinamandla, siyisigaba esisodwa, singenisa indikimba, sinobude obemukelekile.
- Umzimba:
  (i) Izigaba zinemiqondo ezwakalayo nenikezelanayo.
  (ii) Zihleleke kahle: Isigaba siqala ngomusho bese siba nemisho esekelayo. Masibe nomqondo ophelele.
  (iii) Umbhalo nombhalo uhambelana nenkathi okumele ubhalwe ngayo.
- Isiphetho:
  (i) Siyisigaba esisodwa.
  (ii) Makuvele ukuthi umbhalo usuyagoqwa noma uyasongwa.
  (iii) Selungavela uvo lombhali ngalokho abhala ngakho okungaba ukuxwayisa/ukweluleka/ukuxolisa.

**OKULINDELEKILE MAYELANA NEZIHLOKO ZEZINDABA (ISIQEPHU A)**

1.1 Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyasiqonda isihloko futhi abhale indaba ezolandisa. Izehlakalo axoxa ngazo makube yilezo ezenzeka ngalelo langa.

1.2 Ohlolwayo makaveze ukuthi kubalulekile ukubekezela. Ohlolwayo kumele akhombise ukuthi uma usayiqala into kuba nzima kodwa kuhle ukubekezela ukuze uphumelele empilweni. Ohlolwayo usengaveza izibonelo ezingaba ubunzima ongabhekana nabo uma uqala into ethile kepha kumele aveze ukuthi kumele ubekezele. Isib. Ukuzama ukuthola imali yokuqala ibhizinisi kuvamise kuba nzima.

1.3 Ohlolwayo makabonakale ethinta izinhlangothi zombili ngokulinganayo: (Ubuhle nobubi) bese kuthi ekugcineni akhethe uhlangothi ahambisana nalo.
Ubuhle: Ukufunda ngaphandle kokuphazanyiswa ukuqoma nokuqonywa, abafundi abazinyezi ngezici zabo abangagconwa ngazo, imiphumela iba sezingeni eliphezulu,abafundi baziphatha kahle nokunye okuningi.
Ububi: Ukungajwayeli umuntu esemncane ukuhlangana nabantu bobulili obuhlukile kobakhe,akubikhona ukuqhudelana kahle kwezemfundo nakwezemidlalo,ukulingeka kalula lapho umuntu engase athandane nalowo wobulili obufana nobakhe, ukungakwazi ukuqonda izindlela abantu bobunye ubulili.

1.4 Ohlolwayo makube uyawuqonda umlando wakuleli. Ohlolwayo makaveze izinto ezazikhombisa ukucindezeleka kwesithunzi sabantu abamnyama. Ohlolwayo makaveze okuhle okusekhombisa ukuthi isithunzi somuntu omnyama sesibuyile.isib. umuntu omnyama usenelungelo lokuvota/umshado wesintu sewamukelekile kuleli/ukusebenzisa amakhambi esintu asemukelekile awasabukelwa phansi, njll.

1.5 Ohlolwayo kumele athathe uhlangothi zisuka nje. Avumelane noma aphikisane nesihloko. Uma evumelana nesihloko akaveze ubuhle obulethwa yilokhu kubonelelwa kwabantu ababencindezelekile. (isib. ukwanda kokuqashwa kwabantu abamnyama ezikhundleni eziphezulu. Ukunikwa kwabantu abamnyama ithuba lokuveza ukuhlakanipha noma ukuphatha)
Uma engavumelani nesihloko. (Isib. Ukuqashwa kwabantu ezikhundleni eziphezulu ekubeni bengawufundele lowo msebenzi. Kungehlisa izinga lomnotho wakuleli)

1.6.1 Ohlolwayo makabukisise kahle isithombe bese enika indaba yakhe isihloko esihambisana nesithombe. Makungachazwa isithombe. Isib. sesihloko: Umuntu Nguye Ozikhethela Indlela/Umuntu kumele Akwazi Ukuhlukanisa Okuhle Nokubi, nezinye izihloko ezihambisana nesithombe. .

1.6.2 Ohlolwayo makabukisise kahle isithombe bese enika indaba yakhe isihloko esihambisana nesithombe. Makungachazwa isithombe. Isib. sesihloko: Ukukhuliswa Komndeni Kudinga Izandla Ezifudumele, Imindeni Ebamabisanayo Iyaphumelela nezinye izihloko ezihambisana nesithombe.

1.6.3 Ohlolwayo makabukisise kahle isithombe bese enika indaba yakhe isihloko esihambisana nesithombe. Makungachazwa isithombe. Isib. sesihloko: Ukusebenza Ngokubambisana Kuyaphumelelisa/Yana Entuthwaneni Vila Ndini/Akukho Umsebenzi Onzima Uma Nilekelelana,nezinye izihloko ezihambisana nesithombe.

## INCWADI YOBUNGANE/UMBIKO ONGABEKELWE UMGOMO/I-ATHIKILI LEPHEPHABHUKU/-AJENDA NAMAMINITHI OMHLANGANO/I-INTHAVYU EBHALWAYO/INCWADI YOBUNGANE

## ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

## AMARUBHRIKHI OKUHLOLA UMBHALO OMUDE ODLULISA UMYALEZO ULIMI LWASEKHAYA [AMAMAKI ANGAMA-25]

| Okungabonwa ngakho | Okungavamile | Okunekhono | Okusendimeni | Okuqalisayo | Akwanelisi |
|---|---|---|---|---|---|
| **OKUQUKETHWE, UHLAKA & NEFOMATHI** | **13–15** | **10–12** | **7–9** | **4–6** | **0–3** |
| Impendulo kanye nemibono<br>Ukuhlela imibono ukuze kube nohlaka<br>Inhloso, izethameli, izakhiwo nezimiso kanye nesimo.<br><br>**AMAMAKI AYI-15** | -Impendulo enembayo ngaphezu kobekulindelekile<br>-Amasu akhaliphile kanye nokuvuthwa komqondo<br>-Ulwazi olubanzi lwezimpawu zohlobo lombhalo<br>-Umbhalo unamathele esihlokweni<br>-Amasu akhombisa ukuthelelana kanye nokulandelana<br>-Acacisa ngokusobala kanye nokusekela isihloko<br>-Ifomathi efanelekile necacile. | -Impendulo enhle kakhulu ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo<br>-Kunamathele esihlokweni<br>-Akunamaphutha<br>-Ukulandelana kokuqukethwe nemibono, kuchazwe kahle futhi kusekela isihloko<br>-Ifomathi efanele enamaphushana. | -Impendulo esendimeni ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo<br>-Ayinamathele kahle esihlokweni – inamaphutha ambalwa<br>-Ukulandelana kwemibono okuqukethwe kufanelekile<br>-Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko<br>-Ifomathi efanelekile kodwa kunamaphutha ambalwa. | -Impendulo esezingeni eliyisisekelo ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo<br>-Ukunamathela kuyabonakala kodwa kunamaphutha<br>-Ukulandelana kwamaphuzu okuqukethwe kubuye kungabonakali<br>-Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko<br>-Usebenzise ngokunganele imithetho yefomathi<br>-Kukhona okumbalwa okubalulekile. | -Impendulo ikhombisa ukungabi nalo ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo<br>-Umqondo uyanhlanhlatha kunamaphutha amakhulu<br>-Imibono ayilandelani sanhlobo<br>-Ukuchaza okumbalwa okusekela isihloko<br>-Akasebenzisanga nhlobo imithetho yefomathi. |
| **ULIMI, ISITAYELA KANYE NOKULUNGISA AMAPHUTHA** | **9–10** | **7–8** | **5–6** | **3–4** | **0–2** |
| Ithoni, irejista, isitayela, inhloso/umthelela, izethameli kanye nesimo<br>Ukusetshenziswa kolimi kanye nezimiso<br>Ukukhethwa kwamagama<br>Izimpawu zokuloba kanye nesipelingi.<br><br>**AMAMAKI AYI-10** | -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle kakhulu<br>-Akunamaphutha sanhlobo. | -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle<br>-Ulwazimagama oluhle<br>-Akunamaphutha. | -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Kunamaphutha ambalwa<br>-Ulwazimagama olusendimeni<br>-Amaphutha awawuphazamisi umqondo. | -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kunokungahambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Uhlelo olungafanelekile olunamaphutha amaningi<br>-Ulwazimagama olunganele<br>-Umqondo awusalandeleki kahle. | -Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama akuhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Kugcwele amaphutha futhi kuyadida<br>-Ulwazimagama aluhambisani nenhloso<br>-Umqondo uyanhlanhlatha kakhulu. |
| **UKWABIWA KWAMAMAKI** | **22–25** | **17–20** | **12–15** | **7–10** | **0–5** |

## Amamaki azocazwa ngale ndlela:

**ULIMI, ISITAYELA, UKUHLELA (10)**
**OKUQUKETHWE, UHLAKA NESAKHIWO (15)**

**Amamaki azocazwa ngale ndlela:**

**L= 10**
**Q= 15**

## OKULINDELEKILE

2.1 **INCWADI YOBUNGANE**

- Iba nekheli elilodwa lobhalayo.
- Ikheli lihamba nosuku. (12 kuNdasa 2015, 12 Mashi 2015, 12/03/2015, 12-03-2015, 12.03.2015)
- Isibingelelo asiveze ubuhlobo noma umgagule ngegama isibonelo:Mngane wami/Thembisile.
- Isingeniso siba sifushane. Asikhombise ubuhlobo obukhona phakathi kwabo.
- Umzimba- umayelana nokuhalalisela umngane wakho ngethuba eliyingqayizivele alitholile lokuyokhuluma noMengameli.
- Isiphetho -kumele ohlowayo avalelise, angaveza ukuthi uyomxoxela ngohambo uma esebebuyile.
- Valelisa ukhombise ubuhlobo isib. Yimina umngane wakho
- Asifakwa isibongo isibonelo: uKholeka

2.2 **UMBIKO ONGABEKELWE MIGOMO**

- Uba nesihloko isib.  Umbiko Ngomqhudelwano Kazime
- Isingeniso asiveze ukuthi umbiko wethulwa ngubani isib. Umbiko omayelana nomqhudelwano kazime obewubanjelwe esikoleni, wethulwa nguNobhala woMkhandlu wabafundi ngomhla ziyi-12 kuMandulo wezi-2015.
- Makuvele lokhu emzimbeni: Kwenzekeni? Nini?, Kanjani?
- Isiphetho sisonga ngamafuphi isib. Umqhudelwano kazime ube yimpumelelo enkulu, bonke abafundi bawujabulele futhi baziphatha kahle.
- Iziphakamiso zithulelwa ukwenza ngcono umcimbi olandelayo isib. Ukuqinisekisa ngokuzayo ukuthi umcimbi uqala ngesikhathi esibekiwe.
- Ekugcineni kombiko makuvele ukuthi wethulwa ngubani sib. Uhlelwe ngu: Sizwe Magubane
  12 kuMandulo wezi-2015
  (uNobhala woMkhandlu wabafundi)
- **Qaphela:** makusetshenziswe inkathi yamanje, amabizo ajwayelekile, umuntu wesithathu, ulimi olunezimiso futhi olungenabo ubungane, nikeza incazelo yokwenzeke ngempela kanye namagama nemishwana ehambelana nesimo okhuluma ngaso.

2.3 **I-ATHIKILI YEPHEPHANDABA**

- Ohlolwayo kumele ashaye ngamafuphi kodwa ashaye emhlolweni.
- Ohlolwayo kumele afingqe ngokunembayo angachezuki eqinisweni.
- Isihloko: umncintiswano wokuqoka uthisha ovelele esikoleni
- Igama lobhalile lingaba sekuqaleni noma ekugcineni kwe-athikili.
- Isigaba ngasinye siba nengqikithi yaso ehambelana nesihloko.
- Uhlaka ozobhala ngalo ngokwezigaba:
- Isingeniso: Inhloso yokubhala le- athikili.
  Isigaba sokuqala – Ubani lo thisha omqokile?
  Isigaba sesibili - Yiziphi izimpawu ahluke ngazo kwabanye?
  Isigaba sesithathu – Okungazuzwa ngalo mncintiswano.

2.4 **I-AJENDA NAMANINITHI OMHLANGANO**

- Amaminithi omhlangano mawahambisane ne-ajenda.
- I-ajenda iwuhlaka lwezihloko zamaminithi omhlangano.
- I-ajenda mayibe nesihloko sayo. Emaminithini ohlolwayo ubhala okwenzeke emhlanganweni.
- Ohlolwayo makakhombise lokhu okulandelayo kumaminithi omhlangano: Igama lenhlangano, usuku, indawo, isikhathi esichithwe emhlanganweni, uhla lwabantu ababekhona, ukuvula, iziphakamiso, izinqumo, ezosuku, nokuvala.
- Ohlolwayo makasebenzise inkathi eyedlule.
- Ohlolwayo makafingqe obekushiwo nokuvunyelwene ngakho.
- Ingqikithi yomhlangano: umayelana nentsha engasebenzi eqede ibanga le-12

2.5 **I-INTHAVYU EBHALWAYO**

- Ohlolwayo makabhale ukuthi iphakathi kobani.
- Ohlolwayo uyakhuthazwa ukubuza imibuzo ephusile
- Ohlolwayo akabhale amagama ezikhulumi ngasesandleni sokunxele sekhasi.
- Ohlolwayo akeqe umugqa ukukhombisa isikhulumi esisha.
- Obuzayo: kuba imibuzo emfushane futhi enembayo
- Ophendulayo: Nguyena oxoxa kabanzi ephendula umbuzo nombuzo.

2.6 **INCWADI YOBUNGANE**

- Iba nekheli elilodwa lobhalayo.
- Ikheli lihamba nosuku. (15 kuNtulikazi 2016, 12 Januwari 2016)
- Isibingelelo asiveze ubuhlobo noma umgagule ngegama isibonelo:Sibongile/Thembile.
- Isingeniso siba sifushane. Asikhombise ubuhlobo obukhona phakathi kwabo.
- Umzimba umayelana nokubhalela udadwenu umhalalisela njengoba esengene ezingeni lokuba umalokazana.
- Isiphetho kumele ohlolwayo amfisele izilokotho ezinhle emshadweni.
- Valelisa ukhombise ubuhlobo isib. Yimina umfowenu/Yimina udadewenu
- Asifakwa isibongo isibonelo: uThokozani

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha